

The craft of hunting of the
Zulus.

K13/160

1
15

S.532.

K13/
AM/57/160

A.L. Mzimela.

1b

2

ufizingeli.

Injongo, injongo yombali kuleli buku, ukuvusa amasiko nemithetho yesintu emidala okwakuqutshwa ngayo kusukela ku Senzangakhona kuze kufike ku Cetshwayo.

Okwenzeke ngemuva kulokho sekuhlangene nokwabelungu njengokuzingela ngezibamu nokunye pkuhlakanipha kobabamkhulu nokuciko kwabo kubukeka sekwanyamalala owebeni.

ufizingeli.

3

Izlwane ezazingelwa.

Izinyathi izinhlangu, imbabala, inkawu, inkonka, ixholoda, insinaba, unogwaja, umvunzi, wondwe, uxamu, u imfene, iqaga, intenesha, inuagu, impunzi, noni, impofu. Umkhumba, umgaha, indlozi, ufudu, inkonkoni, umziki, umsinangwe umshiba, ingulube, yasendle, isambane, amaxala, anagogo, umboho, umpokoloshe, umandentabeni, umanyanguza, uchakide oboza, umhlangala.

Izazisiwa enkosi nxa zibulewe: Ingonyama noma ibubesi ibejane, ingwe, ingwe, imvubu, indlovu, izimpisi, inkentshane, ingwenya.

5

Ukumenywa kweNqina.

Induna yesigodi ibizinemela inqina esigodini ngakhoke kuzoba iyona umthonga. Umthonga ukhipha umuntu ukuba ayimeme iyohlangana endaweni ethile umuntu uyophuma nehlamvu lomsenge ehamba engena ezibayeni zemizi ethi "me" ashiye ihlambu khona. Uzoshu indawo lapho iyohlangana khona ngoba icelwa isidukudukwana nje komkhulu. Kusasa iyolola imikhonto iyovuka ngesikhathi semithini uzwe izinsizwa zisho "uyayibamba na." / Abahambi omame ingakaphumi izinkomo zosengwa ekuseni izoguba emakubo ngesikhathi semithini kuze kthi juqa.

7

Nalabo baphuma nesakubo isigubo bequbula neya kum thonga. Zohamba nezibulala baqubule ngazo enkundleni phambi kuka mthonga. Bayomfica eselindile enkundleni naye usefaka izibelu uma ekade ehlabana bazohlaba isididi ngezigaba

532. Umthonga mabandla, amakhulu, zinbanjwe nazi izinyamazane zibanjwe, mabandla aphakathi zibanjwe.

8.9 Kwesokudla abaseku belusini abasikunene abasesilambo iyohlangana eShazwe. Isifuba lapha phakathi sizo/hamba isizivusa isisbaye sikhulu bayoze baqede isikhungu beza nazo izoyophakwa kabili nakathathu.

Lothi libantu bahle kukhishelwane imihlomulo. Izoguba ibuye izisina khona emakhaya. Kophuma omame babukele zothulwa esibayeni zihinzwe impinda nya ayi endlini mhlawumbe zingapheli zilale emaziko zidliwe ekuseni.

Inqina yesizwe:

9.11 Inqina yesizwe yayifana nje neyesikhulu yehlukene kancane kwakuphuma umuntu nehlamvu lomsege ehambe ethi "me" khona enkudleni yezinkomo angabonwa muntu noqobo. Loze loyhona enza njalo sonke/isifunda. Kusasa kophucushwa imi khonto lonke usuku. Abafazibazogaya izibaqanga zilungiselwa izinja amadoda kazukuya endlini ngalolo suku. Izohuba ngamabele njengezifunda zayo.

Izohuba ihubo lesizwe ize ifike enkudleni komkhulu izocelwa zinyanga zenkosi ukuba izilwane zithonyeke yonke inhlobo yesilwane izozingelwa ngalolusuku ngoba inkosi ifumane nezilwane izinesithunzi izizolwane zozimisa ngazo. Umthonga mabandla, amakhulu, nazi izinyamazane zibanjwe.

12. Amamboza, indlondlo kulesi sanda. Zibanjwe, Uve, ingoba makhosi kulesi/sandla zibanjwe. Isibaya esikhulu indlu yengwe zibanjwe.

Izokukusa ke izikaka ziphuma bezigwaza besho isiga sakubo mamu Hlomendlini.

Lenqina iphuma noma kungayinyanga yonke noma zingambili kudliwa zona izinyamazane kukwaxhiwa amadlangala mhla ibhaya inqina izizethula komkhulu besayothula izilwane ezinesithunzi njenge bubesi ingwe, indlovu insele kalindamkhonto. Unkonka, ubejane. Kuzothi abazibulele baxoshiwe yinkosi. Usele endineni noma ebulewe isilwane kuzothiwe usele. Indaba yonke izolandwa zinduna.

14. Njengoba isuka ngezimpondo zizosho e nophondo obelunamandla nokho isifuba.

Izindlovu:

Izindlovu kwakungelula ukuba ziizingelwe ngoba zifa nabantu. Indlovu isiphula umuthi noma ungakanani umushaye ngaye. Uma igwazwa bebeyiqala ngokuyigolombela endaweni eyenukelayo. Bayigwaze inyaka kodwa ekwehleni ibingashiwa lutho ngoba ishishiliza ngezinge phansi ize ithi ngqibithi phansi lapho itshinga laphaya ekuficayo. Uma umuntu ebaleke wangena engodini wesambane ibimngowaba.

16. Ifake ananzi igandaye ngaphezulu abefa ngaphansi umuntu.

Babeyikaka nakwazulu bayigwaze indlovu ihlatshwa ifulathele lokhu babekusho ngoba iphuza ukuphenduka iyahathela amazinyo ayokungathi zimpondo ngoba ephumele ngaphandle. Imbele isesifuba.

Amazinyo ayo aye ngumbuso wakwazulu ayekhehla abakhulu bawafake emqaleni. Bebewabaza bawenze izingqobela bona bakhulu bebewabaza benze izingwagwa ezifakwa ezindlebeni kakhulu amalala, zibemhlophe nke. Isikhumba sayo siyamisa. Ibubesi biligaxa emthini.

- 17.18 Izinduku bezibazwa ngamazinyo ayo nawo njalo ngenge mvunulo yenkosi.

Ingonyama.

Ingonyama yayithi nxa ihlasele umuzi indoda ungaphumi endlini ngoba iyayenyanya. Kwakuphuma abasifazane akwele phezu kwendlu, abonge akhulume nayo, noma aphume nesigube sophoko asishaye ebuza ethi nwenzenjani emakhosini na? Izothi isuka ibihamba enkulu inkabi yeqe nayo isibaya ize iyidinsile lapho kukhona khona indoda.

Uma umuntu ehamba entabeni ibimuzwa uk thi kukhona olambile ozayo ingase imbambele enkulu myamazane iyigikijele endleleni lapho ezodlula khona. Uzofika ahlinze aphehle uzwathi ahlinze ngekhiva.

20.

Ingonya a kuyacushwa kodwa kufa abantu uma izobulawa.

AmaSwazi wona ayeyigwaza babenze uphahla bakwele phezulu

odlameni izothi njakwala babuyele phakathi bayigwaze. Uphahla beluthwalwa nje lusiwe lapho intshotshe khona. Izobovumula ibabame ibasukele.

22

Inkomo eyibambile ithi ingayibodlela iyiyeke. Ibanbe enye, thina bakwazulu basiyizama ngokuyicupha ngegeba. Simbe omkhulu umgodi ojulile sifake izimvave zogagane zicijiwe lolu oseluyimithi/esiqinile ezothi isukela abantu noma ithi iyodla inyamale esegab ni iwolokohlele phakathi. Bayafika bayayigwaza ize ife. Kodwa nokho izothwalwa iye komkhulu.

Amakhosikazi asebutonga ayeyixosha ngenzsigubu nomshanelo kwenze njani emakhosini na? Uma ukhonsi usuhlatshiwe ukuthi nazi izinkomo seziphelile ingonyana bekuyaye kuphume amadoda ayigasele khona lapho edlelweni idla idle ibuye ikhlanze ikhona izobalula. Kothi lapho sebebuthene baze bangamaving ibovumule. Izobasukela ke bayigwaze abasifazane bophuma nase nehlati lomlilo bahoyize bazoze ba ibulale nayo ifa nje isibulele iningi labantu.

22. 24

Sekugawulwa izingogo zoba yithwalwe ngazo sekufunwa utshani bokuyibopha umlomo zindevu ngob babethakathana ngazo. Beziboshwa ke ngalokho. Izofika konkosi icwiwe bese ishiswa yonke esalayo noma kuphonswe nethole lenkomo ikhona nalekezela.

Izimvubu.

Zeluka ngesikhathi sokuhlwa ziphume zichinse bazigwaza ngaleso sikhathi. Zibuya ngesikhathi semithini emachibini amakhulu lapho zihlala khona bekuthi nxa zizelwe ezincane, unina athabe ziyane lenduna ay libeka kwelinye ichibi ngoba inkunzi endala/ingase ilibulale. Unina izode eya kulelo chibi ngokuyolincalisa.

26

Isikhumba sayo ngoba seyigqinsi besicijwa induku yokuphathwa amafuth ayo abethandeka nasezinkomeni. Bezicushwa ngamagaba nangemiwowane. Kwathiwe ndlu noma kwakhiwe uthango olunesicaba ezotho lapho ingena inyamazane sizivale ngemuva bayigwazele khona lapho ibethulwa komkhulu uma ibulewe.

Impisi ethi Hu Hu ingangenkomo zazigwele isilambo nase

28 noujeni ziphuma ebusuku ngenkathi kuhlwelela noma linezinkungu
 zibomvu/zinsundu. "Unombengula wakwasikhakhane."

Lezilwane bezibula izinkomo uma imbuzi noma
 amankonyane ekhulekiwe endlini kusuka isisinga besathi abantu
 botha umlilo ezweni lazo kuzavalwa emnyango.

Zilalelwa embalwini uma umfuphi umbalu kubekelelwa
 izinkuni kudaswe khona zizophuma zikhishwa ukushisa komhlo
 bazibulale. Ingane encane beziyambamba endlini. Ezindaveni
 ezinezo izinkomo zibuya lise bantu bahle babeyicupha ngesilulu
 bafake amathambo ezofika ifake umlomo ingabesaphuma igingqike
 kuze kuse chi ibulawe ikhala wuza amthe ikhala "Gu" Gu.

30 Unkonka noma impofu.

Onkonka bebevame emahlanzeni bahlala emahlozini behle
 kusihlwa ngoba besaba izingwe. Izimpofu lezi beziphuza emfolozi
 unkonka udla izinyoka, noma eshawe inyoka kafi.

Zicutshwa ngemigoga uphatha umtambo yomgangampunzi
 abese eyiqokotisa ayigcobe ngobulongwe ayenze iso, uthi
 ululukhuni olomphafa. Ambe esisele aphisela uthi alugobe
 abeke umbeko izothi iyanyathela wehle umbeko lukwitshike
 ngoba lugobe abeke umbeko izothi iyanyathela wehle umbeko
 lukwitshike ngoba lugotshwe umuntu onamandla ehlanzeni kwaku
 ngacushwa mogga.

31 - Iphisi lizovumula nje mahle ekuseni liphathe
 32 izagila eziqinile, ayobeka uzofike alwe nesilwane lesi mhlawame
 simbulale ngoba kasihileke mgaleni singahileka noma nganqina
 nje. Ekufikeni kwakhe izokwethuka uma enezinja kobonakala
 ngezinja zibuya zodwa ukuthi ufile, nazo sezisuthi unkonko.

Imithi ababeyisebenzisa ekucupheni ngibe, usaku, imbande
 umshoso, eshisuweyo, egebani eliyindilinga, ilalanyathi,
 unsimbithi, imiwozane, mgqebu umnweba, liyafula igeba, kubekwa
 utshani noma ukunca zonke lezilwane ziyayekezelwa zisiwa
 enkosini unkonka ngisho emthinte ngeshopho lophondo
 inhloko nje umuntu uyafa.

34 Inkawu.

Izinkawu zihlala emahlazeni zindlela zokucushwa ziningi.
 Bekuthathwa isigobongo sibotshozwe imboko encane kuthelwe umbila

phakathi. Inkawu ifake isandla indonsa kungaphumi isandla aze afike umouphi.

Abanye bebezakhela imiwowane, indlu enesivalo ukudla kubekwe emsamo. Zingene zonke ziye emsamo zikhohlwe ukuthi zingene ngaphi ngoba isicaba seswalekile nangesikhwebu sombila iyacushwa noma bayozikaka thona ehlathini kayidliwa kodwa babeyidla ebuthonga, ngezizathu ezithile injgo kungeyona inyama.

35. Insele kalindamkhonto insele yayisithandi sezinyosi uma imba izinyosi ide ikhipha ngalinye uowephe iyolibeka kude. Iyazesaba ngoba zitinyela. Ajikwazi ukuzimba emthini.

Umuntu uzofica izinyosi zitatshiwe uthathe adle.
Kuditshanwe ke nensele kalindamkhonto ukuhlu lo othi bayambulala"
Usikhumba siye nganhlanje"
Inkone edla izinyosi"
"Unyoka ibulawa amahomfi"
"Mana zipho amade."

Ibihlalela ibandla lize libuye ekuhlomeni amahawu nemikhonto uma umuntu eke wancindiswa ngayo wayeze esale yedwa empini engabaleki ngoba / nayo injalo.

37

Ubejane.

Ubejane inyamazane enolakha. Uma umuntu imxosha ubesindiswa ukuba akhwele emthini uphondo lunye olwesibili lufishane luthambe esiqweni uhamba ngomzile.

Ubezingelwa isixuku kukhethwe onejubane asigolombe. Izinsizwa zolala phansi sithi lapho sisukela lo basigwaze.

Ukucushwa kwaso kuyafana nokukankonka. Abazingeli bahamba nezinja zabo. Bangenise zona l emahlozini kubulawe bona onkonka bahlonyulwe yibasidla.

Ziyavuka ke izinyamanzane zibulawe mkhathini kuvuka ibubesi, indlovu, impisi, inkentshane, inyathi, ubejane, unkhonabe, idube, ingungumbane, inyngu, insele, kalindamkhonto, ingulube, ingwe, indlovudawana, isambane, intshintsho, umsagogo.

39

Ingwenya.

Ingwenya yayinto embi kwazulu. Uma umuntu eyibambile

engayanga ukuyoyibika honkosi ubebulawa. Uma ucushwe ngemvume yenkosi noma ifuna isibindi sayo, ibithi ingakhiswa sona ithathwe iyoshiswa yonke. Umlotha uthathwe uyolahlwa, emfuleni.

41 Ibicushwa ngegeba eduze namadwala lapho ithamela khona. Kumbiwe igeba kuphiselwe izinkande kuyalazwe ngezibi ngaphezulu/kubekwe into ebolile noma inyama izothi izodla lenyama bayigwaze isibudluzwe izimv ave lezi ezisegebeni. Okufanayo engungumbaneni nase ngulubeni yasendle.

Okwengwe kwchluke ngoba kumbaxa mbili kuyilo igeba leli nemiwowane izongena emwowaneni ithi zathatha inyama bayi cindazele. Uma ike yathola ithaba lokuba imbambe umuntu, iliboshula lonke ijwabu lekhandu.

Omavondwe.

43 Itshe liyemiswa emnqangwini libelikhulu libekwe phezu kombekelo lizotho ondwe liyashumaliwe itshe / gxifi ngoba ibxa lilula. Kuzokwibika umbekelo iso libambe entanjeni.

Izimpunzi bezicushwa ngalendlela kodwa ebingcono kuzona ukuba kubiwe uthango ngale kothango kufakwe uthi olucijile ezothi lapho iyeqa izithele ogameni umzingeli ubona amasondo kuqgla lapho ebeke khona ikhona ezogxumeka uthango ucupha kamiwa phakathi nesisu.

45 Ebuthonga amavondwe abecushwa ngemigodla kukwelukwe izinti ngezintambo zibe ngugodla. Acushwa ezingelwa kwenzelwe ukuba agwazelwa kwenzelwe ukuba agwazelwe kona. Kubekwa umgodla noma ugiqi emnqangwini enqina mbumbulu kwelomdabu wakwazulu

Sizohamba thina mabutho enkosi siye ezweni noma kusiphi isizwe esifuna ukuba sixabane naso. Sithatha inkunzi yenzkmo ifunw ngabonalali siye siye beke konkosi.

Emva kokuba inkunzi isisekhaya, inkosi isizokhipha inqina mbumbulu iyozingela lapho ihlome iphelele. Injongo ukuba ukuba kubulawe abantu abathile bazolekezeleliswa ngabo.

Abafele khona bazobuthwa ngokuhlwa bahlaniswe no vatshe lwalenkunzi yezizweme amabutho athukuthele abatshelwa lokho abangamabutho lomuntu ke uyinyamazane ngoba nakhu abantu bamdlile

S.532.

47. Inyama iyayikijelwa ayinqake amabutho ayidlelwa kwesutha.

Iqembu labafana eliqinile. Abafana ab gakabi nama ndla okuthwala belizingela lodwa lengayi enqineni ojaha inkuku bebezingela intenesha, inhlangu, amaxhala, izimpuzi, insimba, oboza, ingungumbane edla imbila.

Ezinyonini bebezingela amaqe zihulu, izihuhwa, ukozi olukhulu, olumpofu, elomnyama, olumhlophe, iziphungumangathi, uqolwane, izingwabakane, amankankane, oklebe, omabenngwani, vithi, we we, izikhova hihi hi hi, ofukwe ezizwa ilanga ukushona kuqale uk khala, ^{izinkwazi} ~~izubjwaku~~ ezunyawo zibomvu, izikhwehle, izimpan_eele, ethi to to to^f, izinswe^fmp^e amahub^e nto nto, amakhulu amnyama amaboboni, amabada amaqola, amaphothwe izintaka, amangxenge, amaboyi, amantiyane, ubuwibi unwi, olwaluhlala onke amaceke, om^eeda, ujenga, ofumba, abangangenku^{ku}, abangamalunga, imijekelele (imijekejeke), amahloko^{hloko} abomvu, nampofu onhloyile uzwa kuqala ukuthi liyethwasa ngoba akumuke isisila, othekwane behamba anaqabi.

Izinyoka ezazejwayelekile.

Izinhlwathi, isiqunga, sisengangen^{zwe}, usaku lusengangen^{zwe}, usaku lusengangezwe izimamba, indlondhlo izimonya, namahoboshe, izihlobo eziabili zezimamba emnyama neluhlaza, izihlangwane, amatshingelane, ozwambuzwambu alanasihlungu iziquzi, amavezimanzi emehosheni amadwi alungayo, izinkalankala, ukhokhothi, inkambaphansi, umhlangwe, nyonka yabathakathi, umamlambo, ubulube, ibululu, imfezi etshakelayo, umningi ekhaya umlilo emakhamdeni ayo.

Ezimpukaneni.

Izibawu, ezimhlophe nezinkone, ezinkomeni izimp^eethu amakhizane ankone, imikhaza ebibungela ezinkomeni amathulwa abomvu, namamhlophe zibanjwe zikhunulwe. Kungena amaqanda anduba kungene impethu.

53

Izinyoni nokucushwa kwakukhona inomfi.

Yokubamba izinyoni inhlaka yomnqawe nonoklahla, nomunga sebeyocinga unoklahla ugawe ube udaka. Olumnyama olucwebelayo

inomfi endala ngawo nje efakwe egokongweni kufakwe amanzi zifike zizodla uvovo noma ibu umsenge.

Emsengeni liboshwe ibu kuthandwe inhlayi ebiwini bese kufika osebangwebe, indlazi iphothwe, isomi, zifike zidle imbali yomsenge inidwa lapho ke zihlala khona mgabe sesuka kazimbambe.

54 Uma inge lidengeka bekuye kucushwa kwankatha inomfi mindwe khona. / ^EImitholweni nase khambeni wuthwa ibebomvu klubu. Ungamanqakadi uyagxotshwa uxoxwe. Ubusuthandela othini uluhlabe kuvovo ibambeke yonke indawo ngisho ithi ishaya ngamaphiko abanjwe.

55 Abaningi bezinyosi.

Insingi izoya ngasemoyeni lapho ziyangasondengeni izigone zithathela lapha kanti imgod i wazo ukude, isuke ihambe nomoya izibone ngokuwa lapha ziwa khona. Uma selibantu bahle abasingi bazobona ngamaphiko amhlophe ziphambana ukuthathela kwazo. Abanye babezi honjiswa inhlayi, zamtsheketshe ize imbeke kuzo umuntu "te te te te te zombuwa ke ngezimbo emva kokuba sezihanyulwe ngomlilo noma zafuthwa ngogwayi bebezifaka etshwaleni abathandayo uma zimbiwe kuphuma amacweoweba anezimboko kusho ukuthi zinenyoka futhi nje / kazilinyeli ezisuke zinenyoka.

Izinhlanzi.

57 Inhlanzi ibingafiselwa ukudlwa ngengenyama kwazulu. Bekucijwa uthi kufakwe iqatha, loluthi imbande yomcinjo kujotshelwe intambo eqinile ukuxoxa amafutha kungoba abantu babelekezela kuzozonke izilwane iganzinjwa ixutshwe nenyama empofana kube zibiba, nasesifubeni kwenze ukuba kube kushелеlezi.

Kwazulu ihlanzi.

59 Ibingalokothwa iphetkwe ngesitsha sokudla, ibodwe ebipheke yona, izinkamba noma zindengezi zegezwe kungezwakali phunga amavezimanzi nemibokwane, / amababule lokozinhlanzi amathonga afika lapha kwabakw zulu uveza umoya wokuthi izinhlanzi zonke ziyadliwa ngaphandle kwevenzimanzi elibalelwe nezinyoka.

Ezin

Ezinhlanzini nase zinyokeni yayingekho imiholeliso, Lo kwakungumlingo wokuba izinyamazane zize njalo. Lababantu abanemithi eyimiholeliso benza ubulawu. Aphehle amanzi sezingunywe kulo ozozifuna. Iklolelo lubulawu ezinyamazane Umzingeli uzozibezela ogideni lwakhe izinyamazane.

Inqina yehlambo.

Inqina yehlambo iyamenywa nge ngokwazisa labo abakheleneyo ukuba kuzoba khona ihlambo lalowo owafayo. Izohlukana izi gaba ezimbili iyothi lapho lapho umphathi wayo ethe esoyokwenza isikhungo ibisiyogeza.

Iqula ngotshwala.

igube esibayeni kodwa iphakwa entabeni.

Iqina yenkosi nokwempi.

Khuphuma nasinedolo bazolashwa zinyanga zenkosi ukuze babelushelelezi emkhontweni yabafo. Abanye bazwe ngehungazelo umuntu owayebulele umuntu wayengayidli eyanga phakathi eYdla eyokhono.

Kusukela kubafana esebephuma isilivu, inkosana

ikholwa, abahambayo bazomiswa bahulwe izingomboco uk thi abanakufa, izohamba isuka i lala ezindaweni nabantu izobabamba ibaphange bangabulawa abakubo bayobalanda ngezinkomo Nomuntu ofile uma noyise wakhe edabukile ubexoxa nje athi "au nkosi/" ngengane yami ezinya azaneni izobona nje inkosi bisimkhalela ngamatholana.

Izilulu nokwazo.

Izilulu kwazulu zazinemisebenzi ~~ma=ca=ngingd=~~ eminingi ngoba rakhunezinyamazane zaziqushwa ngazo njenge mpisi.

Ngaphandle koba kucushwe ngazo babethela uphoko, udonqa kuvikwe indlala, ind ta, amadumbi zindubu, imbumba, undonqa ozenza imbuqwa, ijiba ompqfu obekudlwiwa, ngawo amasi, unya uthi wotshwala obekufana nophoko, amabele ummbila (ungoyikazana osheshaya ukukhahlela okhethela ezihosa.)

Okunye kotshane kwakuyiwo amacansi izikhwabukhwabu izicephu, mgqibo, imbenge, izikhetho, amahluzo, impotshi,

inkawanga, amaqoma, intambo ethandekayo eyentana.

67 → Idumba, uncakulo, ukhamba, imbiza, incansi, iphiso, izindengezi zokupheka ezingamabodwe, uzoco, induvo, umcengelezi wakwazulu. /Wokuhlambela abanumzane isigubu sobumba esinomqala. USwela lwakwenza izigubu igobongo zindebe, izinkenzo amagula, umfama amagula enzelwa ithala lapho ehlala khona angadliwa yizinja, uqhoqho amabeshu amahawu injobo, izinene, uhayi, izimpokwe, inguko, izidawaba, imoto idlaka, umqhele wengwe, izintambo.

Amagxolo anzima longodi obufuswa ~~kuwala~~ kuqala usindwe. Kukhethwa indawo engangeni amanzi uma ummbila usugowele kuyalazwe ngotshana ebese kufakwa izingoqo kuncinwe ngamengxolo emithi ngaphezulu.

69

Insimbi isigaba I.

Insimbi yayenziwa ngamafutha abantu. Bathathe izikhumba zifuthwe. Kungayimuntu lapho ikhandelwa khona kakhulu abafazi baceje izinti izampotwe njengemiphini yegeja, umkhonto ngotshi izince zithandwe ngezikhumba. Liyaphekwa itshe lithelwe amafutha abapheki bahlala khona bapheka khona. Lapa emtatseni kubesogwe imini nobusuku. Nawezilwane njengengonyana nobejane abefuneka. Umkhonto ukhishelwa inkono inkomasi ifaka amageja amathathu loku kwenzeka ngesikhathi kwanda izinkomo kw zulu zingakandi kwakuyizimbuzi,

70.

Insimbi isigaba II.

Insimbi babeyitapa emtatsheni yayo isengamatshe. Ingxotha beyipheka engasali amafutha. Behlala bodwa kunga lunguzi muntu. Ingxotha izbaselwa eyomkhonto inemazinga. Ehlukele khona engxotheni.

Imidongwe kayifuni eminye iyitubetubu eminye izinqalanelala kupheceka izimsimbi, izindengezi ezincala zazi sebenza kakhulu zixoviwa khona/zo. ^{na} Ixijula nezipapa zibiza inkomo.

Lapho kukhandwa khona lento babengayi abannyama kuphela abampofu ngoba abannyama bangamafutha lapho ayikhandelwa khona.

72

Kwakungandele wonke umuntu oqabuke engena kho a bathi baya mbamba wathi "maye babo" bebesale sebemyeka laba abakhandi bebewazi onke amasiko esizwe.

Kugawulwa iminqawe imithi elukhuni ibazwe kwenziwe izifutha sezikhumba ingxotha, nezindondo nembedu yenkosi nama jozi nezincula.

Ingulube yasendle.

Ingulube yasendle.

Icushwa ngewangokulimba emnqangweni igeba lifakwe izimvave. Isambane naso sicushwa ngokunjalo nangezingide abanye basicupha khona emgodini waso ngentambo yenziwe isihibe sizothi siyangena ugoqo luvimbe emnyango.

74

Izinyoni ezinkulu.

Inggungqulu, insingisi, inahlndlokazi, inqe, inqe iphuma ngonyaka ihambe mhla kuvundiwe izinto ezibolile njengezilwane ziningi inhlandlokazi iphuma ngonyaka ihambe phezulu, kayidliwa mesicoloekhanda.

Kulandele impangele, nothekwane, isikwele, ithendele, nwyi, ungquphane, ungqengendlela, igwababa lalliyinto enkulu enebala egilweni liwamhloli omkhulu. In igizi zaziwa ubuqawe bazo ngokubulala izinyoka.

76

Isisesane sengonyama.

Indaba ixoxwa ukuba yenzika emva kwempi yabantwana lapho insizwa yendlula ehlanzeni eSithabat abeni othukela. Umuntu wayehlomile nj.e. Wazikweza phezu kwengonyama. Kanti imbene kuqala yase iyovimba ngaphambili.

Yathi iyabafeka

Insizwa yavimba ngaphambili ingonyama yaqwaya esandleni waze wazilahla amathambo wasondela wayikhipha emeva. Yathi iyahamba insizwa yayivimbela yayiqondisa ezindukwini ngoba yayibeke phansi. Yazicsha yahamba yathi isesangweni lapho iya khona yaqabuka ngonyama isijikijijela unkonka wathi esayo funda abantu ekhaya yase yikijela/umshiba. Kwaba isisasa

78

sengonyama kowayeyisizile,

78 cont.

Okwakubanjwa ezitheni zamabela.

Kwakubanjwa intaka, ngamadlwana, amandindi, anantiyane izigwaca nezinswempe, owasemafusini, amajubantonto, acushwa engohwaseni, emikhuvaneni, emncongweni, ngenhlayi edla imicongo, imayube, umbongiya, intakanansinsi, isizinzisi, uve, ugwambazane, igomoqo, umtshwavo, isigqoba, ujojo, umphishimanzi, isakabula, insomi, intengu, udemezane, ikwezi, ufukwe, umncikishi, uzavolo, inqashi, igola, unozalizingwenya, imvemve, ihlalaphansi, zonke lezinyoni bezitholwa eztheni.

80

Izikhali ezazisetshenziswa imikhonto, nezinhlantla, nezimbemba, i sabula, amawisa, namazembe, iziphapha, amaklwa, izihlandela.

Amaqiniso athile ukuthi zonke lezilwane zizingelwa ngalezikhali umthonga aphaka iqina ethi makubekhona isikhungo, kayiphume ngezintondo yena abeyisufuba isibaya esikhulu usebenzisa izikhali ezifanayo.

Ezilwaneni kutholakala amafutha okumisa nawezinkomo kutholakala amathambo okubula izinyanga, kanye namashoba, ezinkonkoni abula abalozi nezangoma.

Amazipho eng'e ayacijwa abe yimigexo yenkosi.

82

Ingwe idilwa ngokulekezelwa kuhlanganiswe nemithi yesintondolo noma ithole.

Itshe lengwenya lalisebenze ekuqiniseni inkosi noma yeshwama.

Usiba lwendangala,

bululu kamayime,

Insulansule,

Umwisame.

Engomboweni.

Inswelaboya iztholwa engombenweni ingaka hlongohlwa inqina mbumbulu. Abantu babophe iziphuku bahlinze inkomo basike inyama yomlenze ikhishwe isikindi, noma ibele. Kuzoshukwa isikhamba sikhishwe onke amaphalo amuswe kufakwe amafutha kuthamb. kube/yingubo.

84

Kuhanjwe kuyiwe, engombenweni.

Kuzohamba ezinduna zoyibika ingomboco lapho engombocweni ngokokuya kwethu sesibuyile ngamitha, zinuka umntakabani ohlela nenkosi ayi umuntu phaga ngasitha, zulu eliphezulu.

Isithi inkosi akumenywe inqina mbumbulu kungavuka umshiba uzoxoshwa kahulu nze ukhathale ugwaze izinja bonke abazulunjiwe bazogwazwa kulowo munyama kanye nezinyamazane

Labo abafile enqineni izin omo zabo ziye konkosi uma ekhahle ethe ~~ngaye~~ babo, ebishawa ibenye kut iwe ubengimfokazana, ngasitha. ^{zizofihlwa} Ezinye amantombazane alethwa konkosi abafana babulawe ongase abathathe uyabafihla.

86

Bazoziphuzela nje abantu njengemihla niyixodhe naye nzenjani? Indoda sikhangu senkosi umfana indibi nayo lenqina umbumbulu yayimenywa ngokufanayo, nezinye umuntu wehlamvu ubelengenisa kyona ehla nesibaya, athi "Nce" bekucingwa entubeni nsukuzonke lapha esibayeni.

Esibayeni bekubethelwa ngesinye sengonyama ukuze izinkomo zeingaphumi. Zithi ziyaphuma kunuke'yona. Lokho bekwenziwa zinyanga eyaziwa konkosi yonke into ibitholelwa unvune yenziwe.

88

Uzungu ngesikhathi senkosi uCetshwayo.

uCetshwayo wakhipha uphoko kwabuyelana noboya benkono kwenziwa inigodla lonkizwe ngoba nangu uMehlokazulu kaSihayo ubulele abafazi.

Kuthiwe ngomthatho wabelungu angalokothi ababulale kwelaseSilungwini izwe. Kuthe phesheya komzinyathi bambulala.

Kwezwakala emgungundlovu ukuthi bababulele balandwa impi ka Mehlokazulu wabathathale emnambithi iwagwalagwala wababulala endleleni wanele ukuba ababulala base bamthumela isikhumba oyinkosi bathi bala naku uboya nabanye babala uphoko.

Yehluleka inkosi ukuletha uMehlokazulu kubelungu kwaba ukuphela kwezinqina ezinkulu.

91.

Uhla lwezakluko.

Isihlanyelo.

Amazwi omlobi
Izilwane ezazizingela,
Ukumenywa kweNqina.

1Khazi
1
2
3
5

Inqina yeSizwe.	9
Izindlovu	14
Ingonyama	18
Izimvubu,	24
Impisi ethi "Hu Hu".	26
uNkonkoa noma impofu	30
Inkawu	34
Insele kalindamkhonto (Ubejane), ubejane	35
Ingwenya	37
Amavondwe.	41
Inqina umbumbulu kwelondabu wakwazulu	45
Iqembu labafala eliqinili (izinyonyoka ezaze jwayslekile. ⁴⁷	49

Uhla lwazahluko.

Izinyoni nokucushwa	IKhasi
Abasingi zezinyosi	53
Izinhlanzi	55
Inqina yehlamo	57
Izilulu nokwazo	61
Insimbi isigaba, I	63
Insimbi isigaba II	69
Ingulube yasendle.	70
Izinyoni ezinkulu	72
Isis esane sengonyama	74
Okwakubanjwa ezitheni zamehle	76
izikhali ezazisetshenziwa.	78
Engombooweni	80
Uzungu ngesikhathi senosi uCetshwayo	82
uhla lwezahluko	88
	91-92

END S. 532